



education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL
SENIOR CERTIFICATE**

IBANGA 12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2008

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora amabili nesigamu (2½)

Leli phepha linamakhasi ayisi-5.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.
2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

| | |
|--|------|
| ISIQEPHU A: Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |
3. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B, kanye noWODWA esiqeshini C.
4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngamunye ekhasini elisha.
5. Abahlolwayo mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.
6. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
7. Ubude bokubhala lo msebenzi buhamba kanje:

| | |
|--|--|
| ISIQEPHU A: Bhala amagama angama- 200 – 250. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lalo lodwa ngoba lunamamaki. | |
| ISIQEPHU B: Umbhalo mawube odlulisa imiyalezo ngamagama angama- 80 – 100. | |
| ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane enemiyalezo, mayibe ngamagama angama-60 kuya kwangama-80. | |

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe amagama angama-190 kuya kwangama-240.

Ungakhohlwa ukwenza uhlaka (plan) lwendaba yakho ngoba lunamamaki. (Uphoqelekile ukwenza uhlaka embuzweni 1.1 kuya embuzweni 1.4).

- 1.1 Lezi zingane ozibona esithombeni esingezansi zihlala emgwaqweni kodwa kumnandi ukuzibona sezimamatheka kanjena. Lokhu kubangelwa abazali abanozwelo ababone ukuthi bangayiguqula impilo yalezi zingane.

Bhala indaba ezoveza lokhu okulandelayo:

1. Imbangela yokushiya ikhaya uyoba ingane yasemgwaqeni.
2. Izinto ocabanga ukuthi zenziwe yilaba bazali.
3. Iseluleko ongasinika ezinye izingane ezingaba nomqondo wokushiya amakhaya.



[50]

NOMA

- 1.2 Kwakuwusuku olumnandi ngempela mhla abazali bami bengenzela umcimbi wosuku lokuzalwa.

Bhala indaba uxoxe ngokwabe kwenzeka ngalolo lusuku. Yinike isihloko indaba yakho.

[50]

NOMA

- 1.3 Isikhathi esiningi abantu abasha (youth) ikakhulu abasafunda abanakho ukubekezela bayashesha ukudikibala noma ukucasulwa (anger) izinto ezincane.

Bhala indaba uchaze ngalesi sihloko esilandelayo.

Izindlela Zokuvimbela (control) Ukushesha Ucasuke.

[50]

NOMA

- 1.4 Bhala indaba ngesihloko esithi: **Mhla Ngisizwa Ngumuntu Engingamazi.** **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

- 2.1 Umngani wakho enikhule endaweni eyodwa naye ukutshela izindaba ezibuhlungu zokuthi sebeyathutha kule ndawo enikhulele kuyo sebeyohlala kwesinye isifundazwe (Province).

Mbhalele INCWADI uveze ukuthi ubaluleke kanjani empilweni yakho, inkumbulo azokushiya nayo nokunye okutshengisa ukuthi umkhonze kangakanani.

[30]

NOMA

- 2.2 Umfowenu usekhohlisene nabangani bakhe ukuthi bayeke isikole baphikelele kwandonga ziyaduma (Gauteng) bayozama inhlanhla yokucula i-Kwaito. Sebebonile ukuthi kulula ukwenza imali ngomculo ngaphandle kokuphuthula uMatikuletsheni (Matric).

Bhala INGXOXO ephakathi kwakho nomfowenu, umbonise ngalesi sinqumo asithathayo kuze kufike lapho nivumelana khona.

[30]

NOMA

- 2.3 Imiphumela yakho kaMatikuletsheni mihle kodwa ayikugculisi, ikakhulukazi eyephepha lesiZulu njengoba ubuzitholela amamaki aphezulu phakathi nonyaka.

Bhalela uMqondisi, UMnyango Wezemfundo, Private Bag X0001, Pretoria 2010 ucele ukuba uphinde umakelwe kabusha leli phepha. Beka izizathu eziveza ukuzethemba kwakho nokunye okuzokwenza ukuba lesi sicelo sithathelwe phezulu.

[30]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

- 3.1 Ngenxa yokusweleka kwemisebenzi eNingizimu Afrika, usubone kungcono ukuba uvule ibhizinisi lokupholisha izicathulo esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo.

Bhala ISIKHANGISI esizokwenza ukuba abagibeli bamabhanoyi bangadluli bengazipholishanga izicathulo lapha kuwe.

[20]

NOMA

- 3.2 Ubaba wakho ubehanjelwe ngumgani wakhe omkhulu. Bakucele ukuba ubenzele itiyi. Bhala indlela yokwenza: iresiphi yokuphekwa kwetiyi oyisebenzisile ngesikhathi ubaphekela itiyi.

[20]

NOMA

Uyilungu lesigungu esimele abafundi esikoleni senu. Nihlele umcimbi wokunikeza izitifikethi kubafundi abavelele ezifundweni nasemakhonweni anhlobonhlobo.

Bhala IKHADI lesimemo umeme ngalo uMhloli weSiyingi ukuba abekhona kulo mcimbi.

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**AMAMAKI ESEWONKE: 100**